Publication: Isolezwe (Gauteng)
Date: Thursday, October 25, 2018
Page: 4

# Uthembise amathuba omsebenzi uMboweni

BONISWA MOHALE

UZIMISELE ukudala amathuba omsebenzi ukuze kuthuthuke umnotho uNgqongqoshe omusha weziMali uMnuz Tito Mboweni othule isabelozimali samaphakathi nonyaka izwe lilengela kwinzikamnotho.

Izolo, uMboweni uveze ukuthi uhulumeni unoR5.9 trillion okufanele awusebenzise kulesi sabelozimali samaphakathi nonyaka.

Imali eningi uzoyisebenzisa kwezempilo, ezemfundo, ezokuthuthukiswa komphakathi nasekufukuleni umnotho.

Uthe uzophinde afake imali ekuthuthukisweni kwengqalazisinda ukuze kudaleke amathuba omsebenzi.

Ubalule ukuthi uhlelo lokuphehla ugesi ludale amathuba omsebenzi awu-61 000 njengoba kutshalwe uR56 billion kulo.

Imiphakathi eyakhele iziteshi zikagesi izozuza uR29.3 billion kanti abamnyama bano-53% wamasheya ohlelweni lokuphehla ugesi.

Ubalule ukuthi iLand Bank izoxhasa abalimi abasathuthuka ngoR16.2 billion kule minyaka emithathu kuya kwemihlanu ezayo ukuze kudalwe imisebenzi kwezolimo.

Kuzophinde kutshalwe uR32.4 billion ezinhlelweni zokuthuthukisa ingqalasizinda, uR15.9 billion uzothuthukisa ingqalasizinda yezikole, ohlelweni lwe-Expanded Public Works Programme (EPWP).

UR16.5 billion uzosetshenziselwa ukuthuthukisa iSouth African Revenue Service nokudala imisebenzi kuhulumeni.

UR14.7 billion uzosetshenziselwa ukuthuthukisa imijondolo kusetshenziswana nomphakathi.

UR3.4 billion uzosetshenziselwa ukusiza abakhahlanyezwe yisomiso nokuthuthukisa ingqalasizinda yamanzi.

Kuphinde kwasetshenziswa uR600 million ukuthuthukisa izizinda zamafemu ezindala okubalwa kuzo iVulindlela neKomani, ezise-Eastern Cape, Botshabelo eFree State, Seshego eLimpopo naKwaSithebe eMandeni, KwaZuluNatal.

Ubalule ukuthi eMsunduzi kunentuthuko kaR77 billion ebizwa nge-Edenvale Urban Hub ephinde yaheha abatshalizimali abazofaka uR1 billion ukuze kwakhiwe izindawo zokuhlala, amahhovisi nezinxanxathela zezitolo.

UMboweni ushayelwe ihlombe uma eveza ukuthi intela ekhokhwa uma uthenga impahla ivalue added tax ngeke isakhokhwa uma uthenge amaqakelo, uflawa wesinkwa nowokubhaka amakhekhe.

Uthe uhulumeni uzosebenzisana nehhovisi lomcwaningi mabhuku jikelele ukulwa nenkohlakalo futhi komasipala kuzofakwa izazi zemikhakha ehlukene ebesezithathe umhlalaphansi kodwa ezizinikelayo ukulungisa ezokuphathwa kwemali.

Kwabantshontshe eVBS Mutual Bank, uMboweni uthe kufanele baboshwe emuva kokushushiswa yizinkantolo.

Ucele umphathi webhange lombuso, uMnuz Lesetja Kganyago ukuthi amlekelele ngokuqinisekisa ukuthi imalimboleko ayinyuki kakhulu.

UMboweni uthe uhulumeni uzotakula iSouth African Airways (SAA) ngoR5 billion bese betakula iposi ngoR2.9 billion.

This material has been copied under a Dalro licence and is not for resale or retransmission.